

William Marrion Branham

Isithunywa

Kepha ngezinsuku zezwi lengelosi yesikhombisa...

IsAmb 10:7

OKUQUKETHWE

1 UMPROFETHI?

5 ISITHEMBISO SOMPROFETHI
NGEZINSUKU ZOKUGCINA

9 UKUQALA

13 IMINYAKA YOBUSHA

25 INSIKA YOMLILO

33 IZIMFIHLAKALO EZEMBULIWE

38 IZINKOMBA

IVoice Of God Recordings, Inc. yinkonzo engakhethi-hlelo ezinikele ekuqhubeleni phambili kweVangeli leNkosi uJesu Kristu. Ngumkhuleko wethu ukuthi lencwajana izoba yisibusiso kuwe futhi izokunikeza ukuqonda okungcono kwehora eselishiywe yisikhathi esiphila kulo.

UMPROFETHI?

EBhayibhelini, uNkulunkulu njalo wayeletha uMlayezo waKhe kubantu bezwe ngomprofethi wonyaka. Wakhuluma kuMose ngesihlahla esivuthayo wayesemnika ukuthunywa ukuba ahole amaHeberu aphume eGibhithe. INsika yoMlilo ebonakalayo nezinye izibonakaliso kwanikezelwa ukuba kuqinisekise inkonzo yakhe. UJohane umBaphathizi waleta uMlayezo elungiselela izwe ngokufika kukaMesiya. Esabhaphathiza iNkosi uJesu eMfuleni iJordani, iPhimbo elivela eZulwini laqinisa ukuthunywa kukaJohane ukuba ethule iWundlu likaNkulunkulu, “Lo uyiNdodana yami ethandekayo, eNgithokozile ngayo.” Iminyaka kamuva, iPhimbo leNkosi laphinda lezwiwa likhuluma kumprofethi ngenkathi Ikhuluma kuPawulu ngokuKhanya okuphuphuthekisanayo, futhi kamuva yamnika ukuthunywa ukubeka amabandla ngokwenqubo. Kuwo onke amaTestamente eLisha neliDala, uNkulunkulu akakaze akhulume kubantu baKhe ngenqubo yobuhlelo noma inhlango yezenkolo. Ubehlala njalo ekhuluma kubantu ngendoda eyodwa: umprofethi waKhe. Futhi Waqinisekisa labaprofethi ngezibonakaliso ezingaphezu kwemvelo.

Kodwa kuthiwani ngenamuhla na? UNkulunkulu usalembula iZwi laKhe kubaprofethi na? Zisekhona yini izibonakaliso ezingaphezu kwemvelo na? UNkulunkulu ubengamthuma umprofethi wosuku-lwamanje ezweni na? Impendulo ingeqinisekisayo kakhulu impela, “Yebo!”

Kodwa siyokwazi kanjani uma umprofethi esevuka na? Uyobukeka enjani na? Uyokwenza kanjani na? Sibonakaliso sini ayosinika sona na? MiBhalo mini ayoyigcwalisa na?

Abaprofethi basendulo babengamadoda kaNkulunkulu angamaqhawe, futhi ayengesabi ukumelana nezinhlango zezenkolo. Empeleni, babecishe impela behlala bethukwa abefundisi bezenkolo. UEliza waziphonsela inselelo izinhlango zezenkolo zosuku lwakhe, eba buza ukuthi uNkulunkulu wayeyowubusisa yini umnikelo wabo, noma owakhe. Bamemeza. Baprofetha. Bagxumela ngaphezu kwealtare. Bazisika ngemimese. Kodwa uNkulunkulu akabezwanga. UEliza wabuka phezu eZulwini wayesethi, “Makwazeke namuhla ukuthi wena unguNkulunkulu kwaIsrayeli, nokuthi mina ngiyinceku yakho, nokuthi ngenzile konke lokhu ngezwi lakho.” Wabe-ke esebiza umlilo ukuba wehle uvela eZulwini ukuba uqothule umnikelo. UMikaya umprofethi wamelana neNkosi yakwaIsrayeli, nobupristi bonke gulukunqu, ngenkathi esola umPristi oMkhulu uZedekiya ngokuprofetha amanga. UmPristi oMkhulu wammukula ebusweni neNkosi yamfaka etilongweni ngenxa yokukhuluma iqiniso. Ngisho neNkosi uJesu wayezondwa kakhulu yizinhlango zezenkolo zangosuku lwakhe baze baMbethela kanye nezelelesi ezimbi kakhulu kunazo zonke. Uma umlando uphethe iqiniso, umprofethi uyozondwa yinqubo yobuhlelo yamanje, futhi uyothathwa ngokuthi ungokholwa ngokuphambene nokukholwa okuyikho, umprofethi wamanga, noma okubi kunalokho. Kodwa uNkulunkulu uyoma ngenceku yakhe.

Uma bekunomprofethi ngalolusuku lwamanje, ubeyokwemukelwa kanjani yiBandla eliKatolika na? IBandla leBaptisti na? IBandla lamaLuthela na? Noma yiliphi ihlelo na?

INkosi uJesu wathuma bonke abaMkholwayo: *“Nalezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; Ngegama lami bayakukhipha amademoni; bayakukhuluma ngezilimi ezintsha; Bayakuphatha izinyoka ezinobuqili; futhi uma bephuza okubulalayo, akusoze kwaba-nangozi kubo; bayakubeka izandla*

phezu kwabagulayo, futhi bayakusinda." (Marku 16:17-18). INgabe lomBhalo uqinisile namuhla na? Uma ungaqinisile, aphelelwa nini yisikhathi amaZwi eNkosi na? Kulo lonke iBhayibheli, abaprofethi babekwazi ukuphilisa abagulayo, bakhipe amademoni, futhi benze izimangaliso. UMose wabeka inyoka enobuqili yethusi phambi kwabantu bakwaIsrayeli ukubaphilisa ekulunyweni yizinyoka ezinesihlungu (uNomeri 21:9). UNamani, umSiriya onamandla, weza kuElisha ukuba aphiliswe ochokweni (II AmaKhosi 5:9). Ngenkathi insizwa iwela ekufeni kwayo isuka efasiteleni eliphezulu, umphostoli uPawulu wayigona wayesebuyisela ukuphila emzimbeni osufile (iZenzo 20:10). Sinokuqoshiwe kuphela kweminyaka ethi ayibe yi 3½ yempilo yeNkosi yethu uJesu, kodwa phakathi naleyominyaka embalwa, ngokuqhubekayo Waphilisa abagulayo. Izimpumputhe zenziwa zabona. Abanochoke baphiliswa. Izithulu zathola ukuzwa kwazo. Izinyonga zahamba. Lonke uhlobo lwesifo lwaphiliswa (Math 4:23).

UNKulunkulu futhi waqinisekisa abaprofethi bakhe ngezinye izindlela ngaphandle kokuphilisa. Ngisho nezimfihlo ezazigadwe kakhulu zenhliziyi zenziwa zaziwa kulamadoda kaNkulunkulu. Inkosi uNebukadinezari wayenephupho elikhathazayo, kodwa akakwazanga ukukhumbula ukuthi lalimayelana nani. Umprofethi uDanyeli wayitshela inkosi kokubili iphupho nesiprofetho esalandela (Dan 2:28). Akukho lutho olwalufihlakele kuSolomoni ngenkathi iNdlovukazi yaseSheba ifika phambi kwakhe. Wayegcwaliswe kakhulu ngoMoya ngangokuthi wayitshela imibuzo yenhliziyi yayo *ngaphambi* kokuba iyibuze (I AmaKhosi 10:3). UElisha watshela iNkosi yakwaIsrayeli onke amaqhinga eNkosi yaseSiriya, ngisho namazwi akhulunywa ekamelweni layo lokulala (II AmaKhosi 6:12).

Ngeminyakazo yaYo uqobo, iNkosi uJesu kaningi yakhombisa ukuthi loMoya wokubona okufihlakele unguMoya kaKristu. Wabona imvelo efihlakele

kaNathanayeli ngenkathi Eth, “Bheka umIsrayeli uqobo, okungekho-nkohliso kuye!” Futhi uJesu waqhubeka nokutshela uNathanayeli ukuthi wayekuphi ngenkathi uFiliphu emtshela ngoMesiya (Johane 1:48). Ngenkathi uNathanayeli ebona ukuthi uJesu wayeyazi inhliziyi yakhe, masinya waMqonda njengoKristu. Okokuqala uJesu ebona uPetru, Wamtshela igama likayise, uJona (Johane 1:42). UPetru-ke washiya konke wayeselandela uJesu zonke izinsuku zokuphila kwakhe. UJesu wabonana nowesifazane waseSamariya emthonjeni wayesemtshela ngezono zakhe zesikhathi esedlule. Amazwi akhe okuqala ayengukuthi, “Nkosi, ngiyabona ukuthi ungumprofethi wena” (Johane 4:19). Bonke bobathathu balababantu babevela emikhakheni ehlukeni yempilo, nokho masinya bamqonda uJesu ngenkathi Ebakhombisa isiphiwo sokubona okufihlekele.

Ngabe lesisiphiwo sanyamalala ngenkathi ikhasi lokugcina leBhayibheli lilotshwa na? Uma lezizimangaliso zilotshwe ngokusobala kakhulu eBhayibhelini, ziphi namuhla na? Umprofethi wosuku lwamanje uyoqinisekiswa ngempela yizimangaliso.

Ngabe uNkulunkulu usebakhohliwe abantu baKhe na? Usakwazi ukuphilisa abagulayo na? Usakhuluma kithi ngabaprofethi baKhe na? Ngabe noma yimuphi wabaprofethi ulubona ngaphambili lolusuku na?

**Ngabe zikhona
yini iziprofetho
ezisazogcwaliseka na?**

ISITHEMBISO SOMPROFETHI

NGEZINSUKU ZOKUGCINA

Wona impela amazwi okugcina alotshwe eTestamenteni eliDala anikeza lesisithembiso: **“Bhekani, Ngiyakuthuma kini uElija umprofethi lungakafiki usuku lweNKOSI olukhulu nolwesabekayo: Futhi uyakuphendulela inhliziyo yawoyise kubantwana, nenhliziyo yabantwana koyise, funa ngifike futhi ngishaye izwe ngesiqalekiso.”** (Mal 4:5-6)

Usuku lweNkosi olukhulu nolwesabekayo lusazofika nokho, ngakho sifanele ngobuqotho sibheke umprofethi uElija. EBhayibhelini, abaprofethi abezanga ezinhlanganweni zezenkolo zenkambiso. Beza kwabaqokiwe abayingcosana. Ungathini nje uma umprofethi kaMalaki 4 eza, futhi wagejwa. Uma-ke efana nabaprofethi basendulo, futhi kube yidlanzana kuphela labantu abamqondayo na? Uma lomprofethi ezobuya ngosuku lokugcina, siyomazi kanjani na? Impendulo ibonakala ngokusobala emiBhalweni. Uyoba nemvelo yomprofethi. Uyokwazi izimfihlo zenhliziyo. Uyokwenza izimangaliso. Izinhlango zezenkolo ziyolinga ukumdumaza. Kodwa kuyoba nabayingcosana abakhethiweyo abamqondayo njengesithunywa esithenjisiwe sosuku.

Siyokwazi kanjani uma uElija esebuya na? Zimilo zini ayoziveza obala ukuze simqonde na?

UElija wayeyindoda yasehlane. Izibonakaliso ezinkulu nezimanga zalandela inkonzo yakhe. Washumayela ngokumelana nobubi bosuku lwakhe. Washumayela ikakhulukazi ngokumelana nesimilo esibi seNdlovukazi uJezebeli. Ngenkathi uElija enyuselwa eZulwini ngenqola yomlilo, umoya wakhe wehlela phezu

kukaElisha. Izibonakaliso ezinkulu nezimanga khona kwaphawula inkonzo kaElisha, kanti futhi washumayela wamelana nezono zezwe. Bobabili abaprofethi bama bodwa bemelene nezinhlango zezenkolo zangalolosuku. Amakhulu eminyaka kamuva, umoya ofanayo wabuyela emhlabeni kuJohane umBhaphathizi. Umprofethi uMalaki wabikezela ukuthi uElija uyobuya ukuba ethule iNkosi: *“Bhekani, Ngiyakuthuma isithunywa sami, futhi siyakulungisa indlela phambi kwami...”* (Malaki 3:1). UJohane umBhaphathizi weyeqinisile esimweni lapho ebiza ukuphenduka phakathi kwabantwana bakaNkulunkulu. NjengoElija, washumayela wamelana nenkosi nezinhlango zezenkolo zamanje. INkosi uJesu waqinisa ukuthi uJohane umBhaphathizi wayengumprofethi kaMalaki 3 eNwadini kaMathewu (11:10): *“Lo unguye, okulotshiwe ngaye ukuthi, Bheka, Ngiyathuma isithunywa sami phambi kobuso bakho, esiyakulungisa indlela yakho phambi kwakho.”* Luka 1:17 uthi umoya kaElija (uEliyase) wawuzoba kuJohane umBhaphathizi, *“Futhi uyakuhamba ngaphambi kwayo emoyeni nasemandleni kaEliyase, ukuphendulela izinhliziyi zawoyise kubantwana.”* Kodwa qaphelani ukuthi ingxenye yesibili kaMalaki 4 yayisazogcwaliseka nokho: *“...nenhliziyi yabantwana koyise, funa ngifike futhi ngishaye izwe ngesiqalekiso.”* Leyongxenye yomBhalo iyofezeka ngaphambi kokuFika kwesiBili kukaKristu.

Iminyaka eyizinkulungwane ezimbili emva kukaJohane umBhaphathizi, sekuyisikhathi futhi somoya kaElija ukuba ubuyele emhlabeni.

Lolosuku selufikile! Ngalonyaka, siwubonile umoya kaElija ubuya. Ushaye indiva inqubo yobuhlelo yamanje. Wamelana nezono zezwe. Wakhombisa izibonakaliso nezimanga ezingenakubalwa. Washumayela izwi-ngezwi leBhayibheli kusukela kuGenesisi kuya eSambulweni. Umprofethi kaMalaki 4 wafika njengoba ethenjisiwe, futhi waletha Mlayezo ovela esiHlalweni sobukhosi

sikaNkulunkulu uSomandla. Igama lalowomprofethi ngu**William Marrion Branham**. Simbiza ngo “Mfowethu Branham.”

“UWilliam Branham, engangimthanda futhi ngamkholwa ukuthi ungumprofethi kaNkulunkulu.”

UOral Roberts, umvangeli odume umhlaba-jikelele nomsunguli weOral Roberts Univesiti.

“UWilliam Branham wafika ngendlela yethu njengomprofethi kaNkulunkulu futhi wasikhombisa ekhulwini-minyaka lamashumi amabili ngokuyikho du izinto ezifanayo esakhonjiswa zona emaVangelini.... UNkulunkulu ubahambele abantu baKhe, ngokuba umprofethi omkhulu uvukile phakathi kwethu.” UDkt.

T.L. Osborn, umvangeli wamaPentecostal nombhali oyingcweti.

“Ngaphambi kokukhulekela umuntu, wayenikeza imininingwane engenaphutha emayelana nezifo zomuntu, kanti futhi nemininingwane ngezimpilo zabo idolobhana lasekhaya kubo, imisebenzi, iminyakazongisho nasemuva le ebuntwaneni babo. UBranham akazange nakanye enze iphutha ngezwi lokwazi kuyo yonke iminyaka nginaye. Lokho kuqukatha, odabeni lwami, izinkulungwane zezenzeko.” UErn

Baxter, umvangeli, imenenja yemiKhankaso kaBranham iminyaka eyisikhombisa, nongomunye wabaholi basekuqaleni beBritish New Church Movement.

Akukaze selokhu iNkosi uJesu Kristu yahamba umhlaba kube nomuntu othinte izwe ngendlela enkulu kakhulu kangaka. Kusukela ekuqaleni kokuzithoba endlwaneni yezingodo ekamelolinye emagqumeni aseKentucky, kuya eAmarillo eTexas lapho iNkosi yamyisa khona eKhaya, impilo yakhe ngokuqhubekayo yaphawulwa yizehlakalo ezingaphezu kwemvelo. Ekuqondisweni yiNgelosi yeNkosi ngo 1946, inkonzo kaMfowethu Branham yaveza inhlansi eyokhela isikhathi sezimvuselelo ezinkulu zokuphilisa ezashanela iMelika yonke nasemhlabeni jikelele. Kuze kube yilolusuku, uvunywa ngosomlando abangamaKristu njengo “baba”

no “mholi oyisibonelo” wemvuselelo yokuphilisa yawo 1950 eyaguqula isimo iBandla lamaPentecostal futhi ngokokugcina ngci yanikeza ukudlondlobala enhlanganweni yamaPhentekoste, namuhla yona ithonya cishe onke amahlelo amaProtestane. Nokho, eqinisile esimweni, amahlelo anciphisa ukufundisa kwakhe futhi aphika ukuthunywa kwakhe.

Nomaphi lapho ayeya khona, uNkulunkulu wafakazisa ukuthi uMfowethu Branham ungumprofethi kulesisizukulwane. NjengoJobe, iNkosi yakhuluma kuye isesivunguvungwini. NjengoMose, iNsika yoMlilo yabonakala imhola. NjengoMikaya, wathukwa ngabefundisi basesontweni. NjengoElija, wayeyindoda yasehlane. NjengoJeremiya, wathunywa yiNgelosi. NjengoDanyeli, wabona imibono yesikhathi esizayo. NjengeNkosi uJesu, yayazi izimfihlo zenhliziyo. NanjengoPawulu, waphilisa abagulayo.

INkosi futhi ihambele abantu baYo ngomprofethi. Ngesikhathi esimnyama kunazo zonke emlandwini, lapho isimilo sokuziphatha sesicwile ezinjulwini ezingakaze ngaphambili zibonwe nezikhali zembubhiso zihlaluka kumkhathi-zwe, indoda ezithobile yathunywa ivela ebukhoneni bukaNkulunkulu ukubizela isintu esifayo ekuphendukeni.

Umfundi othandekayo uJohane waloba ngeNkosi uJesu:

Kukhona nezinye izinto eziningi azenza uJesu, ezingathi, uma zilotshiwe zona ngazinye, ngithi nezwe lonke lingezanele izincwadi ezingalotshwa. Amen. (Johane 21:25)

Okufanayo kungashiwo ngempilo kaMfowethu Branham. Kunezintshumayelo eziteyishiwe ezingaphezu kweziyi 1,200 nezinkulungwane zezindaba ngempilo yalendoda eyiqhawe. Nokho ngokuqhubekayo sizwa izimfazozo ezintsha zokuthonya kwakhe ezimpilweni zezigidi zabantu. Lencwajana ibingeke ilithinte neze ingaphezulu lomfutho lendoda kaNkulunkulu ebenawo ezweni.

UKUQALA

“Ngenkathi ngizalwa endlwaneni encane yezingodo yaseKentucky enhla lapho, iNgelosi yeNkosi ingena efasiteleni yayisima lapho. KwakuneNsika yoMlilo.”

Ukusa kwase kuqala nje ukubhoboza ubumnyama besibhakabhaka esipholile sikaAprili. Elilodwa vo, ifasitela lokhuni laliphakanyiswa livuleke ukudedela ukukhanya kwasekuseni kungene endlwaneni encinyane yezingodo ekamelo-linye. Inyoni irobini imi eduze kwefasitela yayibonakala ikakhulukazi ixhuxhuma kulokhu ukusa futhi yayikhala iqhuma phezulu ngawo onke amaphaphu ayo. Ngaphakathi kwindlwana yezingodo, uCharles Branham owayesumusha wayefake izandla zakhe kwiovaloli yakhe entsha-sha wayesebuka phansi umkakhe oneminyaka eyi 15 ubudala. “Sizomqamba ngegama elithi William,” kwasho ubaba.

Efasiteleni kwafika ukuKhanya okungaphezu kwemvelo. UkuKhanya kwadabula ekamelweni kwase kwengama phezu kombhede lapho ingane yayisanda kuzalwa khona nje. Lokhu kwakungukuKhanya okufanayo okwakhapha abantwana bamaHeberu eGibhithe. KwakungukuKhanya okufanayo okwahlangana noPawulu esendleleni yakhe ebheke eDamaseku. Futhi Kwakuyoqhubeka ukuba kuhole lengane encane ukubiza uMlobokazi kaKristu aphume ezweni. Lokho kuKhanya kwakungesikho okunye ngaphandle kweNgelosi yeNkosi, iNsika yoMlilo; futhi Yayisiphinde yabonakala kumuntu.

Futhi phakathi lapho, kulendlwana encane eyakhiwe ngezingodo, ngalokho kusa ngoAprili 6, umbelethisi wavula nge ifasitela ukuze ukukhanya kuzokhanya phakathi ukudedela uMama noBaba babone ukuthi nganginjani. Kwase kuthi-ke ukuKhanya okuthi akube ngusayizi wephilo kwafika kuvunguza kungena ngefasitela. Kwashaya indingilizi ngalapho engangikhona, kwase kwehlela embhedeni. Abaningana babantu basentabeni babemi lapho. Babekhala.



Indawo okwazalelwa kuyo uWilliam Branham, eBurkesville, KY.

Ikhaya elithobekile lalisemagqumeni aseningizimu Kentucky, eduze kwedolobhana elincane laseBurkesville. Usuku kwakungu Apreli 6, 1909. Ingane yayingeyokuqala kubantwana abayishumi ababezozalwa nguCharles no Ella Branham.

Akubanga yisikhathi eside ngaphambi kokuba iNgelosi yeNkosi ihambele uWilliam Branham futhi.

Esengumntwana, iNgelosi kuqala yakhuluma kuye, ithi uyophila impilo yakhe eduze kwedolobha elithiwa yiNew Albany. Waya endlini wayesetshela unina okwakusanda kwenzeka nje. Njenganoma yimuphi umama, akacabanganga kakhulu ngendaba wayesemlalisa embhedeni ukuthulisa imizwa yakhe emncane. Eminyakeni emibili kamuva, umndeni wakubo wathuthela eJeffersonville eIndiana, amamayela ambalwa nje ukusuka eningizimu Indiana idolobha laseNew Albany.

INgelosi futhi yakhuluma kumprofethi osemncane eminyakeni embalwa kamuva. Kwakulusuku lukaSeptemba oluthule nelanga elifudumele likhanya lidabula emaqabungeni anombala asekwindla. Umfanyana wayeqhuga lapho ephethe amabhakede amabili amanzi ezansi emzileni. Ihleza lommbila laliboshelwe phansi kozwani lwakhe olwalulimele

ukulugcina lungangcolile. Wahhlala phansi ukuba aphumule emthunzini wesihlahla eside sompopula. Izinyembezi zazigeleza emehlweni akhe lapho ekhala ngeshwa lakhe: Abangani bakhe babezjabulela emgodini wokudoba wendawo, futhi wayebambekile ethuthela uyise amanzi. Ngokuzuma, umoya waqala ukuyaluzisa esihlahleni ngaphezu kwakhe. Wesula amehlo akhe wayesema ngezinyawo zakhe. Wezwa umsindo wamaqabunga evunguza emoyeni...kodwa kwakungekho-moya. Wabheka phezulu, futhi cishe ibanga elinguhhafu phezulu esihlahleni sompopula, into ethize yayiyaluzisa amaqabunga omile.

Ngokuzuma iPhimbo lakhuluma, “Ungaphuzi noma ubheme noma wone umzimba wakho nganoma yiyiphi indlela, kuyoba nomsebenzi wakho wokuba uwenze nxashane usukhulile.” Umfana owethukile oneminyaka eyisikhombisa ubudala waqathaza amabhakede akhe wayesegijimela kunina.

Njengomprofethi uSamuweli, uNkulunkulu futhi wayekhulume kumntwana.

Emavikini ambalwa kamuva, wayedlala izimabula nomfowabo omncane. Ukuzwa okuyinqaba kwafika phezu kwakhe. Wabheka phandle phezu koMfula iOhio wayesebona ibhuloho elihle. Amadoda ayishumi nesithupha awela ekufeni kwawo lapho ibhuloho linqamula umfula. Umprofethi osemncane wayebone umbono wakhe wokuqala. Watshela unina, futhi wayibhala phansi indaba yakhe. Iminyaka kamuva, amadoda ayi 16 awela ekufeni kwawo lapho ibhuloho loMgwaqo wesiBili eLouisville, iKentucky yayakhiwa khona phezu koMfula iOhio.

INkosi yayimkhombisa imibono yesikhathi esizayo. Futhi njengabaprofethi phambi kwakhe, imibono ayizange yehluleke.

IMINYAKA YOBUSHA

Yonke impilo yakhe, uMfowethu Branham wayekulangazelele ukuba sehlane. Eneminyaka eyi 18, washiya eIndiana ngenxa yezintaba ezimangelengele zasentshonalanga. Ukuhlala kwakhe eArizona akubanga yisikhathi eside ngaphambi kokuba aphoqelegele ukuba abuye.

Ngolunϕusuku nganquma ukuthi ngangithole indlela yokuluxosha lolobizo. Ngangiphuma ngiya entshonalanga ukuyosebenza eplazini lezinkomo. Mngani, uNkulunkulu mkhulu nje phandle lapho njengoba Enjalo kunoma yiyiphi indawo. Kwangathi ungazuza ngesehlakalo sami. Nxa Ekubiza, Mphendule.

Ngokunye ukusa kukaSeptemba ngonϕaka ka 1927, ngatshela umama ukuthi ngangiya ohambweni lokuyokhempa eTunnel Mill, okucishe kube ngamamayela ayishumi nane ukusuka eJeffersonville lapho esasakhe khona ngalesosikhathi. Ngase ngivele ngilungiselele uhambo oluya eArizona nabanye abangani. Ngenkathi uMama ezwa kimi futhi, ngangingekho eTunnel Mill kodwa ePhoenix, eArizona, ngibalakela uNkulunkulu woThando. Impilo yaseplazini lezinkomo yayiyinhle kakhulu okwesikhashana, kodwa masinya yaguga, njenganoma yiyiphi enye injabulo yezwe. Kodwa ake ngisho lapha, Akadunϕiswe uNkulunkulu, ukuthi isehlakalo noJesu sikhula siya ngokuba-mnandi ngokuba-mnandi ngaso sonke isikhathi futhi asigugyi neze. UJesu unikezana ukuthula okuphelele nenduduzo njalo.

Izikhathi eziningi ngiwuzwile umoya uvunguza ezihlahleni ezinde zeshoba. Kwakubonakala sengathi ngangingalizwa iPhimbo laKhe libiza kude ehlathini, lithi, "Adamu, uphi na?" Izinkanϕezi zabonakala ziseduze kakhulu ngangokuthi wawungazicosha ngezandla zakho. UNkulunkulu wabonakala sengathi wayeseduze kakhulu.

Into eyodwa ngalelozwe yimigwaqo ogwadule. Uma uke waze wachezuka emgwaqeni, ulahleka kalula kabi. Izikhathi eziningi kakhulu izivakashi zibona izimbali ezincane zasogwadule bese zichezuka emgwaqeni omkhulu ukuba zizikhe. Zizulazula zisuke ogwadule futhi zilahleke futhi ngezinye izikhathi zibulawe ukoma. Kunjalo nangendlela yomKristu – uNkulunkulu unomendo umgwaqo omkhulu. Ukhuluma ngawo kulsaya, isahluko 35. Ubizwa ngo "Mendo umgwaqo omkhulu wobuNgcwele." Izikhathi eziningi izinjabulo ezincane zezwe zikudonsa uchezuke emendweni umgwaqo omkhulu. Khonake usulahlekelwe yisehlakalo sakho noNkulunkulu. Ogwadule uma ulahlekile, lapho ngezinye izikhathi kubonakala utalagu. Kubantu ababulawa ukoma, utalagu luyoba umfula noma ichibikazi. Izikhathi eziningi abantu bagijimela kuzo bese bewela kulo kuphela bathola ukuthi babhukuda nje esihlabathini esishisayo. Ngezinye izikhathi udeveli ukukhombisa into ethize athi iyisikhathi esimnandi. Lolo wutalagu nje, kuqinto engesiyo eyangempela. Uma ulalela uyozithola kuphela unqwabela izinsizi ekhanda lakho. Ungamlaleli, mfundi othandekayo. Kholwa uJesu okunika amanzi aphilaayo kulabo abalamba futhi bome. Ngolunye usuku ngathola incwadi evela ekhaya ingitshela ukuthi omunye wabafowethu wayegula kakhulu. KwakunguEdward, ongelamayo. Kusobala angikucabanganga kukubi kakhulu, ngakho ngangikholwa ukuthi wayezoba ngcono. Kodwa ngokunye ukuhlwa izinsuku ezimbalwa kamuva ngenkathi ngangivela edolobheni lapho ngedlula ehholo okudlelwa kulo ndawonye eplazini lezinkomo, ngabona iphepha phezu kwetafula. Ngalicosha. Lalifundeka lithi, "Bill, yenyukela edlelweni elingasenyakatho. Kusemqoka kakhulu." Emva kokuba sengilifundile inothi umngani nami saphumela edlelweni. Umuntu wokuqala engahlangani naye kwakungumqaphi wasesiqiwini omdala weLone Star owayesebenza eplazini lezinkomo. Igama lakhe kwakunguDurfy, kodwa sasimbiza ngo "Pop." Wayenokutshengisa ukudabuka ebusweni bakhe

lapho ethi, "Mfana uBilly, nginezindaba ezimbi zakho." Ngalesosikhathi imfolomane yeza yenyuka. Bangitshela ukuthi ithelegramu yayisanda kufika, ingitshela ngokufa komfowethu.

Mngani othandekayo, okwesikhashana angikwazanga ukunyakaza. Kwakungukufa kokugala emndenini wakithi. Kodwa ngifuna ukusho ukuthi into yokugala engacabanga ngayo yayingukuthi ingabe wayesekulungele yini ukufa. Lapho ngijika futhi ngabuka ngale kwenkangala ephuzi, izinyembezi zehla ezihlathini zami. Ukuthi ngakukhumbula kanjani ukuthi sasizabalaza kanjani ndawonye ngenkathi sisengabafanyana nokuthi kwakukade kul'khuni kanjani kithi.

Sasiya esikoleni cishe singenakho okwenele ukuthi sidle. Izinzwani zazingaphandle kwezicathulo zethu futhi sasidingeka sigqoke amabhantshi amadala eqhaswe phezulu entanyeni ngoba sasingafake mayembe. Ukuthi ngakhumbula kanjani futhi ngolun'usuku uMama wayenopopkhona welantshi ebhakedeni elincane. Sasingadli nabanye babo bonke abantwana. Sasingakwazi ukudla njengoba babenakho. Sasihlala njalo sithi shelele ngale kwegquma bese sidla. Ngiyalukhumbula usuku esasinopopkhona ngalo, sasicabanga ukuthi kwakuyidili ngempela. Ngakho ukuqiniseka ukuthi nginayo ingxenye yami yawo, ngaphuma ngaphambi kwasemini ngase ngicaphuna kahle ogcwele isandla ngaphambi kokuba umfowethu athole ingxenye yakhe.

Kwase kuthi-ke ngimi lapho ngibuka lelolanga lihangula inkangala ngacabanga ngazo zonke lezozinto futhi ngamangala ukuthi ngabe uNkulunkulu wayemyise endaweni engcono yini. Kwase kuthi-ke futhi uNkulunkulu wangibiza, kodwa njengokuvamile, ngazama ukulwa nakho.

Ngalungiselela ukuza ekhaya ngomngcwabo. Ngenkathi uMfu. McKinny weBandla lasePort Fulton, indoda enjengobaba nje kimi, washumayela umngcwabo wakhe wakuphatha ukuthi, "Kungahle

kube nabanye lapha abangamazi uNkulunkulu, uma kunjalo, Memukele manje.” O ngasibamba-ngqi kanjani isihlalo sami, uNkulunkulu wayekhuluma futhi. Mfundi othandekayo, uma Ebiza, Mphendule. Angisoze ngakhohlwa ukuthi uBabayi omdala ozihluphekelayo noMama ukuthi bakhala kanjani emva komngcwabo. Ngangifuna ukubuyela eNtshonalanga kodwa uMama wangincenga kakhulu ukuba ngihlale ngaze ngathi ekugcineni ngavuma ukuhlala uma ngangingathola umsebenzi. Masinya ngathola umsebenzana neNkampani yezeMisebenzi yoMphakathi yaseIndiana.

Cishe eminyakeni emibili kamuva ngisahlola amamitha esitolo samamitha eGas Works eNew Albany, ngaxhilwa yigesi futhi amaviki ngaguliswa yiyo. Ngaya kubo bonke odokotela engangibazi. Ngangingatholi bungcono. Ngaguliswa yisisu esine esidi, ibangwa yimiphumela yegesi. Kwakuya ngokuba kubi kakhulu ngaso sonke isikhathi. Ngayiswa kodokotela abazigogodele izifo eLouisville, eKentucky. Bathi ekugcineni kwakuyithunjana lami i aphendiksi futhi bathi ngangidingeka ngibe nokuhlinzwa. Angikukholwanga ngokuba ngangingakaze ngibe nobuhlungu ohlangothini lwami. Odokotela bathi kwakungasekho ababengangenzela khona ngize ngibe nokuhlinzwa. Ekugcineni ngavuma ukuba nakho kwenziwe kodwa ngagcizelela ukuthi basebenzise isidikizisimizwa sendawo ukuze ngikwazi ukubuka ukuhlinzwa.

O, ngangifuna umuntu ukuba ame ngakimi owayazi uNkulunkulu. Ngangikholelwa emkhulekweni kodwa ngangingakwazi ukukhuleka. Ngakho umfundisi weBandla iFirst Baptisti wahamba nami ukuya egunjini lokuhlinzela.

Ngenkathi bengisusa etafuleni ngiya embhedeni wami, ngazizwa ngiya ngokuphela amandla ngokuphela amandla ngaso sonke isikhathi. Inhliziyo yami kwase kul'khuni ukuthi ishaye. Ngezwa ukufa phezu kwami. Umphefumulo wami



wawuya ngokushoda
ngaso sonke isikhathi.
Ngazi ukuthi ngase ngifike
ekupheleni komgwaqo
wami. O mngani linda uze
ufike lapho kanye, khona-
ke uyocabanga ngenqwaba
yezinto ozenzile. Ngangazi
ukuthi ngangingakaze
ngibheme, ngiphuze noma
ngibe nayimiphi imikhuba
engcolile kodwa ngangazi
ukuthi ngangingakulungele
u k u h l a n g a b e z a n a
noNkulunkulu wami.

Mngani wami uma kuphela uyilunga lebandla
elibandayo eliyilo ngegama nje, uyokwazi nxa
usufika ekupheleni ukuthi awulungele. Ngakho uma
kuyilokho kuphela okwaziyo ngoNkulunkulu wami,
ngiyakucela khona lapha ukuba uguqe ngamadolo
akho bese ucela uJesu ukuba akunike lesosehlakalo
sokuzalwa ngokusha, njengoba Atshela uNikodemu
kuJohane isahluko 3, nokuthi o ziyokhala kanjani
izinsimbi zenjabulo. Alidunyiswe iGama laKhe.

Kwaya ngokukhula ukuba mnyama egunjini
lesibhedlela, sengathi kwakusemahlathini amakhulu.
Ngangiwuzwa umoya uvunguza emaqabungeni,
nokho kwakubonakala kuyindlela enkulu echezukela
ehlathini. Mhlawumbe senake nakuzwa ukuphafuka
komoya uvunguzisa amaqabunga, ulokhu usondela
usondela kuwe. Ngacabanga, "Awu, lokhu
ngukufa kuzongithatha." O! umphefumulo wami
wawuzohlangabezana noNkulunkulu, ngazama
ukukhuleka kodwa angangakwazi.

Ngokusondela komoya, kuya ngokuzwakala
kakhulu kakhulu. Amaqabunga awahlazela futhi
khona-manjalo, ngangingasekho.

Kwabonakala-ke sengathi ngase ngibuyile futhi
sengingumfanayana ongafake-s'cathulo, ngimi
kuleyondlelana phansi kwesihlahla esifanayo.

Ngalizwa leloPhimbo elifanaayo elathi, "Ungalokothi uphuze noma ubheme." Namaqabunga engawezwa ayengafanaayo avunguza kulesosihlahla ngalolosuku. Kodwa ngalesisikhathi iPhimbo lathi, "Ngakubiza futhi awangahamba." Laphinda okwesithathu.

Ngase-ke ngithi, "Nkosi, uma lowo kunguWe, ngivumele ngibuyele emuva futhi emhlabeni futhi ngiyoshumayela iVangeli laKho kusukela ezicongweni zezindlu nasemakhoneni emigwaqo. Ngiyotshela wonk'umuntu ngalo!"

Ngenkathi lombono usudlulile, ngathola ukuthi ngangingakaze ngizwe-bungcono. Udokotela wami ohlinzayo wayesalokhu esendlini. Wafika wayesengibuka futhi wamangala. Wabuka sengathi wayecabanga ukuthi ngase ngifile, wayesethi-ke, "Angisiyo indoda esontayo, umsebenzi wami mkhulu kakhulu, kodwa ngiyazi uNkulunkulu umhambele lomfana." Ukuthi wakusho lona lokho, angazi. Akukho-noyedwa owayesho noma yini ngakho. Ukuba ngangikade ngazi ngaleyonkathi kunalokho esengikwazi manje, ngangiyovuka kulowombhede ngimemeza iNdumiso eGameni laKhe.

Emva kwezinsuku ezimbalwa ngavunyelwa ukubuyela ekhaya kodwa ngangisalokhu ngigula futhi ngaphoqeka ukuba ngifake izibuko emehlweni ami ngenxa yokungabonakali kahle. Ikhanda lami laliqhaqhazela nxa ngibuke noma yini isikhashana.

Ngaqala ukuphuma ukuba ngifune futhi ngithole uNkulunkulu. Ngangihamba ngisuka ebandleni ngiye ebandleni, ngizama ukuthola indawo ethize lapho okwakukhona khona ukubizela ealtare okuyifeshini endala. Ingxenye edabukisayo ngangingatholi neyodwa.

Ngathi uma ngake ngaze ngaba ngumKristu, ngiyoba nguye ngempela. Umfundisi owangizwa ngiphawula wathi, "Manje mfan'uBilly, uchezukela ebuhlanweni." Ngathi uma ngike ngaze ngathola inkolo, ngangifuna ukuyizwa nxa isifikile, njengoba nje abafundi benza.

O alidunyiswe iGama lakhe. Ngathola inkolo kamuva futhi ngisalokhu nginayo, nangosizo lwaKhe, ngiyoyigcina njalo.

Ngobunye ubusuku ngamlambela kakhulu uNkulunkulu nesehlakalo sangempela ukuthi ngaphumela eshede elidala kwingemuva lendlu ngase ngizama ukukhuleka. Ngangingazi ukuthi kukhulekwa kanjani ngakho nje ngaqala ukukhuluma kuYe njengoba ngangingakhuluma noma ubani omunye. Khona manjalo nakho kwafika ukuKhanya eshede futhi kwabumba isiphambano nePhimbo elivela esiphambanweni lakhuluma kimi ngolimi engangingalugondi. Lase lisuka-ke lihamba. Ngashaqeka. Sekuthe dwe kimi futhi ngakhuleka, "Nkosi uma lowo kunguWe, ngisize woza futhi ukhulume kimi futhi." Ngangikade ngifunda iBhayibheli lami selokhu ngangikade ngisekhaya ngivela esibhedlela futhi ngangikade ngifunda ku I Johane 4, "Bathandekayo, maningakholwa yibo bonke omoya, kodwa bavivinyeni ukuthi bangabakaNkulunkulu yini."

Ngangazi ukuthi umoya wawubonakale kimi futhi lapho ngikhuleka wabonakala futhi. Kwase-ke kubonakala kimi ukuthi sengathi kwakukade kunamaphawondi ayinkulungwane athulwa emphefumulweni wami. Ngagxuma futhi ngaya phezulu ngase ngigijmela endlini futhi kwabonakala sengathi ngangihamba emoyeni.

UMama wabuza, "Bill, kwenzenjani kuwe na?" Ngaphendula, "Angazi kodwa impela ngizizwa ngikahle futhi ngilula." Angibange ngisahlala endlini isikhathi eside. Ngadingeka ngiphume futhi ngigijime.

Ngazi-ke ukuthi uma uNkulunkulu wayefuna ngishumayeke, Wayezongiphilisa. Ngakho ngaya ebandleni elalikholelwa ekugcobeni ngamafutha futhi ngaphiliswa masinyane. Ngabona-ke ukuthi abafundi babenento iningi labefundisi abangenayo namuhla. Abafundi babhaphathizwa ngoMoya oNgcwele futhi kanjalo babekwazi ukuphilisa abagulayo nokwenza izimangaliso ezinkulu

ngeGama laKhe. Ngakho ngaqala ukukhulekela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele futhi ngamthola. Ngoluny'usuku cishe izinyanga eziyisithupha kamuva, uNkulunkulu wangipha isifiso senhliziyo yami. Wakhuluma kimi esekuKhanzeni okukhulu, engitshela ukuba ngihambe ngiyoshumayela nokukhulekela abagulayo futhi Wayebaphilisa kungakhathaleki ukuthi sifo sini ababenaso. Ngaqala ukushumayela futhi ngenza Angitshela ukuba ngikwenze. O mngani, ngingeqale ukukutshela ukuthi konke kwenzekeni: Amehlo aphuphuthekile avuleka. Izinyonga zahamba. Imidlavuza iphilisiwe, nazo zonke izinhlobo zezimangaliso zenziwe.



Ngoluny'usuku ezansi koMgwaqo uSpring, eJeffersonville, eIndiana, emva kwemvuselelo yamaviki amabili, ngangibhaphathiza abantu abayi 130. Kwakulusuku lukaAgasti olushisayo futhi kwakunabantu abacishe babe yi 3,000 ababekhona. Ngase ngizobhaphathiza umuntu we 17 ngenkathi khona manjalo ngizwa lelo elihashazayo, iPhimbo elincane labuye lathi futhi, "Buka phezulu." Isibhakabhaka sasinjengethusi ngalolosuku lukaAgasti olushisayo. Sasikade singenayo imvula cishe amaviki amathathu. Ngezwa iPhimbo futhi, kwase kuthi-ke futhi okwesithathu lathi "Bheka phezulu."

Ngabuka phezulu futhi nakho kwavela esibhakabhakeni inkanyezi enkulu ekhazimulayo, engangiyibonile izikhathi eziningi ngaphambilini kodwa ukuthi nganginganitshelanga ngayo. Izikhathi eziningi ngibatshelile abantu ngayo ibonakala futhi kuphela babehleka futhi bathi, "Bill, uyakucabangela nje lokho. Noma mhlawumbe ubuphupha." Kodwa akadunyiswe uNkulunkulu, ngalesisikhathi Yayizibonakalise Yona uqobo ngokubonakalayo kubo bonke, ngoba yafika ngokusondele kakhulu kimi angikwazanga ngisho nokukhuluma. Emva kokuba imizuzwana embalwa seyedlule ngadazuluka nabantu abaningi babuka phezulu futhi babona inkanyezi ingaphezu kwami nje. Abanye baquleka ngenkathi abanye bememeza nabanye bebalaka. Khona-ke inkanyezi yabuyela emuva esibhakabhakeni nendawo lapho eyayisuke khona yayithi ayibe yisikwele esingamafidi ayishumi nanhlanu nalendawo yayilokhu iqhubeka futhi iphehlelela noma sengathi amagagasi ayegingqika. Kwakubumbeka kulendawo ifu elimhlophe elincane nenkanyezi yemukelwa phezulu kulelifu elincane.

NjengoJohane umBhaphathizi, umprofethi waqinisekiswa emanzini amaningi omBhaphathizo.

Imibono yaqhubeka. Watshelwa ngozakwabo abangabefundisi basesontweni ukuthi imibono yakhe yayingaveli kuNkulunkulu. Watshelwa ukuthi weyexhwelwe ngumoya omubi. Lokhu kwamkhathaza ngokujulile. Umthwalo waba-mkhulu kakhulu ukuba awuthwale, ngakho waya ehlane ukuyothola iNtando kaNkulunkulu. Wayezinikele kakhulu ngangokuthi wafunga ukuthi angabuyi engenampendulo. Kwakulapho, endlwaneni yezingodo endala yokucuphela, ukuthi iNgelosi yeNkosi yamnika ukuthunywa kwakhe. Phakathi kwezinye izinto, iNgelosi yamtshela lokhu: "Uma uthola abantu ukuba bakukholwe, futhi ube

qotho nxa ukhuleka, akukho lutho oluyoma phambi kwemikhuleko yakho, hhayi ngisho nomdlavuza.”

Konke ukungabaza kwase kuhambile. Manje wayesenokuthunywa futhi ngesibindi wathatha amagxathu aya phambili. Imvuselelo yokuphilisa yayisiqalile.

Amakhulu ezinkulungwane ethamela imikhankaso kaBranham. Izinkulungwane zaphiliswa ngeGama leNkosi uJesu Kristu. Abanye abavangeli njengo Oral Roberts nje, uT.L. Osborn, no A.A. Allen masinya balandela uMfowethu Branham base beqala imikhankaso engeyabo yezimvuselelo zokuphilisa. INkosi yanisa yehlisa izibusiso zaYo njengokungakaze ngaphambili. Isandla esiphiliso sikaJesu Kristu sasesiphinde futhi sathinta abantu baKhe.

“Bengikhala kaningi yinjabulo phezu kwesiphiwo sikaNkulunkulu samaduzane nje ebandleni likamfowethu othandekayo, uWilliam Branham, ngesiphiwo sakhe esimangalisayo sokuphilisa. Lolu wudaba lukaNkulunkulu enza okukhulu kakhulu ngaphezu kwakho konke esingakucela noma sikucabange (Ef. 3:20), ngokuba angikaze ngibone noma ngifunde noma yini elinganiswa nenkonzo yokuphilisa kaWilliam Branham.”

UMfu. F.F. Bosworth, umvangeli odume umhlaba wonke nomunye wobaba abasungula ihlelo Assemblies Of God kanjalo nenhlangano yamaPentecostal amanje.

“Kwesinye isenzeko, sabhekisisa lapho ekhuluma endodeni ilele embhedeni owuhlaka. Ekuqaleni kwakungekho-phawu lokusabela okunobuhlakani endodeni. Ukuchaza kwase kuvela kunkosikazi emi eduzane, ukuthi indoda yayingabulawa umdlavuza kuphela, kodwa yayiyisithulu futhi ingakwazi ukuzwa okwakushiwo.

UMfowethu Branham ke wayesethi kwakuzodingeka ukuba indoda yemukele ukuzwa kwayo ukuze akwazi ukuyiyala mayelana nokuphiliswa komdlavuza wayo. Kwabakhona isikhashana somkhuleko. Ngokuzuma indoda yase ikwazi ukuzwa! Izinyembezi ezinkulu ezibanzi zehla ngezihlathi zaleyondoda ebuso bayo lonke

ikusihlwa lalingenakuzwakalisa kakhulu futhi lingathinteki. Yalalela ngokukhathalela okujulile njengoba yatshelwa ngokukhululwa kwayo kumdlavuzwa.”

UMfu. Gordon Lindsay, umbhali oyingcweti, umfundisi, nomsunguli weChrist For The Nations Insitute.

“UMfowethu Branham wathi, ‘Indoda kaKhongolose isiphilisiwe.’ Inhliziyo yami yagxumagxuma. Ngaphuma ngathi qekelele ngase ngemukela iNkosi njengoMphilisi wami. Ngazibeka eceleni izinduku zami zokuqhugela... nengaphansi leZulu lehlukana.”

UWilliam D. Upshaw, indoda kaKhongolose waseUS (1919-1927), omele ukhetho lukaMongameli wase US ngo 1932. Wakhubazeka selokhu awa wephuka iqolo lakhe njengomntwana. Wayene 84 ngenkathi ephiliswa ngokupheleleyo emkhulekweni kaMfowethu Branham, emva kokukhubazeka iminyaka engama 66. Akazange abe esaba nesidingo sesihlalo esinamasondo noma izinduku zokuqhugela zonke izinsuku zokuphila kwakhe.

“Ngangikade ngilele ngomhlane wami iminyaka eyisishiyagalombili nezinyanga ezintathu ngineT.B. nodokotela base bengidelile. Kwaku’khuni ukuba ngisinde amaphawondi angama 50 futhi kwakubonakala sengathi lonke ithemba lase lingasekho. Kwase kuthi eJeffersonville, eIndiana, kwafika uMfu. WM Branham embonweni ayewubonile ngewundlu libambeke ehlane futhi lalikhala ‘Milltown,’ okuyilapho engakhe khona. UMfowethu Branham wayengakaze abe lapha noma azi noma ubani walapha. Engena, wabeka izandla phezu kwami wayesekhuleka, ebiza phezu kwami iGama leNkosi yethu ethandekayo uJesus. Into ethize yabonakala ingibamba futhi khona manjalo ngase ngiphakeme ngibonga uNkulunkulu ngamandla aKhe okuphilisa. Manje sengingumshayi wopiyano ebandleni iBaptisti lapha.”

UGeorgia Carter, eMilltown eIndiana, waphiliswa kwiT.B. ebulalayo ngo 1940 futhi akakaze aphantsi yilesosifo ngoluny’usuku empilweni yakhe. Umele amashumi ezinkulungwane zabantu abaphilise ngenkonzo yakhe futhi basaphiliswa nanamuhla.

INSIKA YOMLILO

UMfowethu Branham kaningi uchaza iNsika yoMlilo eyayiqinisekisa inkonzo yakhe. Yayikhona ekuzalweni kwakhe, yabonwa yizinkulungwane ogwini loMfula iOhio, futhi yayibonakala imlandela nomaphi lapho ayeya khona. Kwakungu 1950 ukuthi iNkosi yanikeza kokubili amakholwa nabangakholwayo ngokufanayo ubufakazi obungenakuphosisa ukuthi leNsika yoMlilo yayinomprofethi.



Ubusuku babumbozwe ukuphikisana eSam Houston Coliseum. UMfowethu Branham wayehola imvuselelo yokuphilisa eyayishanela izwe. Izibusiso zeNkosi uJesu zazithululeka njengemvula phezu kwamasimu okomoya kakolo. Kodwa izibonakaliso ezinkulu nezimanga akufikanga ngaphandle kokugxekwa. Njenganjalo,

isitha savuka imbangi. Imibutho emibili yahlangana eHouston eTexas, neNgelosi yeNkosi qobo lwaYo yehla ukuzolwa impi.

Izinkulungwane zase zivele zikhona ukuzozibonela izimangaliso ezingenakubalwa ezalandela lendoda kaNkulunkulu. Usuku ngaphambi kwesikhathi, iqembu labefundisi bendawo laphosela umprofethi inselelo enkulumweni-mpikiswano phezu kokuphilisa ngokukaNkulunkulu, kodwa inselelo yawela kuwabo womprofethi omdala othembekile, uMfundisi F.F. Bosworth. Abaningi abanqikazi babelwelwa ngumfundisi wendawo oyiBaptisti nomgxeki

ongusomlomo wokuphilisa ngokukaNkulunkulu. Inkulumo-mpikiswano equbukayo yaputshukela emaphephandabeni, okwathi ngokushesha asakaza izihloko, *“Uboya beSayense yezenkolo BuzoNdiza Ngele 7 p.m. Namuhla ESam Houston Coliseum.”*

Umnqikazi waqasha umthwebuli wezithombe okufundele, uTed Kipperman waseDouglas Studios, ukuba abhale inkulumo-mpikiswano. Ngalokho kuhlwa, izithombe zathathwa noMfowethu Bosworth emi ngokuzithoba lapho umnqikazi emi ngokuzimisela ngezikhundla zokwesabisa; ngesinye isikhathi ngomunwe wakhe wawuhlokoloza ebusweni bendoda endala ezithobile.

Ngenkathi inkulumo-mpikiswano iqala, uMfundisi Bosworth ngokushesha wafakazisa ubuqiniso bokuphilisa ngokukaNkulunkulu ngobufakazi obubonakalayo bangokomBhalo kwase kuthi-ke, ukungashiyi-mbuzo, wacela bonke labo ababekade bephilisiwe ebuthakathakeni babo ukuba baphakame. Izinkulungwane zaphakama zama ngezinyawo zazo. Emva kokuba labo ababephilisiwe sebethathe izihlalo zabo, wacela uma labo abaphiliswa ngokuphilisa ngokukaNkulunkulu ababengamalunga ekumeni okuhle kwehlelo lalendoda ukuba bame. Amalunga ebandla angamakhulu amathathu aphakama ukuba ngokuqhosha aveze obala isihawu iNkosi uJesu ayewakhombise sona.

Inselelo yavela kumnqikazi-ke. “Akavele lowomphilisi ngokukaNkulunkulu. Makenze.” UMfowethu Bosworth wakucacisa ukuthi uJesu wayenguyena kuphela uMphilisi ngokukaNkulunkulu, kodwa ukuklabalasa okuvela kumnqikazi kwaqhubeka. Ekugcineni, uMfowethu Bosworth wamemela uMfowethu Branham emsamo. Wasemukela isimemo phakathi kwezinhloko zokweseka.

Umprofethi, egwaliswe ngoMoya oNgcwele, wanikeza impendulo elandelayo:

Ngingephilise-muntu. Lokhu ngiyakusho. Ngenkathi ngiseyingane ngizalwa enhla eSifundeni sasKentucky, ngokukamama wami uqobo othandekayo, nalokho okuqinisekiswa empilweni yami yonke, kwaba khona ukuKhanya okwangena ekamelweni lalawo mafuhlufuhlu amadadlana lapho, lapho okwakukhona, lingekho iphansi kulo, lingenalo ngisho nefasitela, babenento endadlana nje yefasitela lapho, njengesicabha esincane, futhi basifuqa savuleka cishe ngelesihlanu ngo ekuseni, nalokhu ukuKhanya kwashaya indingilizi phakathi njengoba nje kwakungukusa kosuku. Kusukela ngalesosikhathi, beKunami. KuyiNgelosi kaNkulunkulu. Yahlangana nami siqu eminyakeni embalwa edlule. Kusukela phansi empilweni yami, Yangitshela izinto okwenzekile, futhi ngizishilo njengoba Ingitshela nje. Futhi ngiphosela inselelo noma ubani kunoma yiyiphi indawo, ukuba aye edolobheni lapho engakhuliswa khona, kumbe noma yiyiyiphi enye indawo, ukuthi isitatimende esike senziwa eGameni leNkosi, kepha sifika nje ncamashi ngendlela okwathi sasizofika ngayo.

Emva kokuba esho lawomazwi, uMoya oNgcwele wehlela phezu komsamo, nomthwebuli wezithombe oxhuxhumayo wasithatha isithombe. UMfowethu Branham wasuka emsamo nesilula, nokho isitatimende sesiprofetho: *“UNkulunkulu uzofakaza. Ngeke ngisasho.”*

Obambisene noMnu. Kipperman ngokushesha waya kosebenza ekhulisa izithombe enzela izindaba zangokusa okulandelayo. Waqaphela into eyinqaba lapho edonsa isithombe esithwetshuliwe sokuqala ekuxazululeni kokukhulisa. Sona, njengezilandelayo izithombe ezithwetshuliwe eziyisihlanu, sasingenalutho. Wadumela inhliziyi yakhe futhi wawela ngaphambili ngenkathi edonsa esokugcina esiprintiwe esixazululweni. Lapho, kulesosithombe esithwetshuliwe sokugcina, kwakuyiNsika yoMlilo esimweni esibonakalayo iphumule phezu kwekhanda lomprofethi kaNkulunkulu, uWilliam Marrion Branham.



Abantwana bakwaIsrayeli bazibonela iNsika yoMlilo ihola uMose, nabantu balolusuku lwamanje bazibonele leyoNsika yoMlilo efanayo ihola omunye umprofethi.

Isithombe esithwetshuliwe ngokushesha sanikezelwa kuGeorge J. Lacy, uMhloli Okufundele wemiBhalo yobufakazi Obungatshazwayo waseU.S. F.B.I., owasiqinisekisa isithombe ngombono wakhe wobungcweti. Incwadi esemthethweni eyavezwa nguMnu. Lacy isekhasini elilandelayo.

Lokhu kwakukudala ngaphambi kwamakhomputha noma amakamera asebenza ngezinombolo, futhi kwakungenakuchazwa nganoma yiziphi izindlela zokwenza ezaziwa kwisayense, kunokuba kwakukhona ukuKhanya kwangempela phezu kwekhanda likaWilliam Branham. Namuhla lesosithombe esithwetshuliwe esifanayo singabonwa eSigcina-mabhuku SikaKhongolose eUnited States, ekomkhulu lesizwe, eWashington DC.

George J. Lacy
Umhlozi wemiBhalo yobufakazi Obungatshazwayo
Shell Building
Houston, Texas

Januwari 29, 1950

U M B I K O N O M B O N O

Mayelana: Inekethivu Engatshazwayo

Ngo Januwari 28, 1950 ngesicelo sika Mfundisi Gordon Lindsay, owayemele uMfundisi William Branham waseJeffersonville, e Indiana, ngemukela kwiDouglas Studios yase 1610 Rusk Avenue kulelidolobha, ifilimu esithwetshuliwe ingamayintshi angu 4x5 futhi yakhuliswa. Lefilimu kwakuthiwe yenziwe yi Douglas Studios kaMfundisi William Branham eSam Houston Coliseum kulelidolobha, ngenkathi evakashele lapha engxenyeni yokuphela kuka Januwari, 1950.

I S I C E L O

UMfundisi Lindsay wacela ukuba ngenze ukuhlola kwesayense kwenekethivu eshiwo ngaphambili. Wacela ukuba nginqume, uma kwenzeka, uma mhlawumbe kungenzekanga ngokubona kwami ukuthi inekethivu ike yalungilungiswa kumbe ya “nyangwa” ngandlela thize, kulandela ekukhulisweni kwefilimu, okungenza umushwa wokukhanya ukuba uvele esimweni sendingilizi yokukhanya phezu kwekhanda likaMfundisi Branham.

U K U H L O L W A

Ukuhlolwa kwezinto ezinkulu nezincinyane nokucwaninga kwenziwa ndawo zonke ngaphezulu macala omabili efilimu, okwakuyi Eastman Kodak Safety Film. Omabili amacala efilimu ahlolwa ngaphansi kokukhanya okucwenga ubungako bombala onkankane nezithombe ezinombala ongenakubonwa ngeso zenziwa yifilimu.

Ukuhlola kwezinto ezincinyane kwehluleka ukuveza ukulungilungiswa kwefilimu kunoma yiyiphi indawo noma yini nanganoma yiyiphi inqubo esetshenziswa ekulungilungiseni kwezohwebo. Futhi, ukuhlolwa kwezinto ezincinyane kwehluleka ukuveza noma yikuphi ukuthikameziseka okuxutshwe namafutha phakathi noma ngasemshweni wokukhanya okusolekayo.

Ukuhlola kokukhanya okucwenga ubungako bombala onkankane kwehluleka ukuveza noma yikuphi ukusola, kumbe umphumela wanoma yikuphi ukusebenza kwesithako macala omabili enekethivu, okungahle ukuba kudale umushwe wokukhanya, kulandela ukuqhutshwa kwenekethivu.

Isithombe sombala ongenakubonwa ngeso futhi sehluleka ukudalula noma yini engakhomba ukuthi kuke kwabakhona ukulungilungisa efilimini.

Ukuhlola futhi kwehluleka ukuveza noma yini engakhomba ukuthi inekethivu esolekayo yayiyinekethivu eyingxubevange kumbe inekethivu ephindwe ngokusobala.

Akubangabikho lutho olwatholwayo olwalungakhomba ukuthi umushwe wokukhanya osolekayo wawenziwe ngenkathi kuqhutshwa ukukhulisa. Akukho lutho futhi olwatholwayo olwalungakhomba ukuthi asikhuliswanga ngendlela ejwayelekile neyamukelekile. Akubangabikho lutho olwatholwayo ekuqhathaniseni amanekethivu amnyama asemqoka olwalungahambisani.

U M B O N O

Ekusekeleni kokuhlolwa okuchazwe ngenhla nokucwaninga ngingombono onquma juqu ukuthi inekethivu elethelwe ukuhlolwa, ayizange ilungilungiswe noma ibe yingxubevange kumbe inekethivu ephindwe ngokusobala.

Futhi, ngingombono onquma juqu ukuthi umushwe wokukhanya okuvela phezu kwekhanda esimweni sendingilizi yokukhanya kwenziwa ngokukhanya kushaya inekethivu.

Ngokuzithoba ibekwe,



IZIMFIHLAKALO EZEMBULIWE

Ngasekuqaleni enkonzweni kaMfowethu Branham kwacaca ukuthi inqubo yehlelo yakhiwa ukuqhubekisela phambili izinhlango zezenkolo, futhi hhayi iVangeli leqiniso. UMfowethu Branham wayelikholwa iBhayibheli iZwi ngeZwi, futhi wayengaxegisi, ngisho noma kwakusho ukubandlululwa kozakwabo, abangani, noma umndeni.

Ngenkathi esalokhu eyilunga leBandla leMissionary Baptisti, watshelwa ukuba agcobe abefundisi besifazane. Nokho, wayeyazi imiBhalo yonke kahle kakhulu. U I Thimothewu 2:12 usho ngokucacile, *“Kepha angimvumeli owesifazane ukuba afundise, nokuba abuse phezu kwendoda, kodwa makazithulele,”* naku I KwabaseKorinte 14:34 kuthi, *“Abesifazane benu mabathule emabandleni: ngokuba kabavunyelwe ukuba bakhulume...”* Lokhu kwakungelutho olumelene nabesifazane, kodwa iBhayibheli lalilubeka ngembaba udaba. Ngenkathi okokugcina ngci kunikezwa, wayengenakuxegisa ngakho walishiya ibandla.

Lowo kwakungesiwona kuphela umBhalo owawunganakwa ngokuphelele ngamahlelo. INkosi yembula iqiniso lombhaphathizo kuMfowethu Branham. Wayengayala kanjani uJesu, *“Ngalokho hambani, futhi nifundise izizwe zonke, nibabhaphathize egameni likaYise, neleNdodana, nelikaMoya oNgcwele,”* nokho wonke umbhaphathizo oqoshwe eBhayibhelini wawuseGameni likaJesu na? Umphostoli uPetru wayala eZenzweni 2:38 ukuthi ***phendukani nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu.*** ImiBhalo isebenza ngobunye obuphelele, kodwa kwathatha umprofethi ukwembula lemfiho: u “Yise” akusilo igama, i“Ndodana”

akusilo igama, no “Moya oNgcwele” akusilo igama. Njengendoda eyodwa nje inguyise wabantwana bayo, indodana yabazali bayo, nomfowabo ezalana naye, nokho igama layo ayisuye u “yise,” i “ndodana,” noma u “mfowabo.” UYise, iNdodana, noMoya oNgcwele yiziqu zeGama likaJesu Kristu. UMathewu 28:19 neZenzo 2:38 kwangena ekuhlelekeni ngokuqondisa ngokuphelele.

Ngisho nesono sasekuqaleni eNsimini yaseEdene sembulwa, hhayi njengokudla isithelo, kodwa into ethize ebikezela kakhulu kakhulu ububi. Kwakungenza kanjani ukudla ucezu lwesithelo masinya kwembule kuAdamu noEva ukuthi babehamba-ze na? Kalula nje akwenzi-mqondo. Lihlanganaphi iapula nobunqunu na? UProfethi kaNkulunkulu wayembula ngokusobala lemfihlo.

Zazingobani izingelosi okukhulunywa ngazo eSambulweni isahluko 2 nese 3 na? Amagama azo angezwakala ejwayelekile.

Bangobani abagibeli bamahashi abayimfihlakalo beSambulo isahluko 6 na? Banento eyodwa esemqoka kakhulu enhlanganyelweni.

Ngabe iUnited States iyaphathwa yini eNcwadini yeSambulo na?

Obani i144,000 abasindiswa esahlukweni 7 na?

Ubani isifebekazi esikhulu sesahluko 17 na? Inkomba yaso nazo zonke lezizimfihlakalo zembulwa eMlayezweni walomprofethi onamandla othunyevelela kuNkulunkulu.

Akusikho kuphela ukuthi izimangaliso ezingenakubalwa zalandela lendoda, kodwa izimfihlakalo ezifihlwe eBhayibhelini iminyakanyaka nazo futhi zembulwa enkonzweni yakhe. Kwacaca ukuthi lomprofethi wagcwalisa eminye imiBhalo eminingi kunoMalaki 4.

Isambulo 10:7: Kepha ngezinsuku zezwi lengelosi yesikhombisa, lapho isizakubetha icilongo,

imfihlakalo kaNkulunkulu isiyakube ifeziwe, njengalokho azazisa izinceku zakhe abaprofethi.

IPhimbo limemeza ezweni ukuba kuphunywe emahlelweni futhi kubuyelwe eZwini likaNkulunkulu lasekuqaleni. Ngamunye wethu unethuba elifanayo uPetru, uJakobe, noJohane ababenalo. Sinethuba lokuba sibalwe nabayingcosana abaqokiwe bakaNkulunkulu abangayikukhothama ezinhlanganweni zezenkolo zosuku.

UmBhalo oNgcwele uqopha izimpilo nemisebenzi yamadoda ahamba noNkulunkulu futhi ayegcotshwe kakhulu ngoMoya waKhe ukuthi amemezela u ISHO KANJE INKOSI, namazwi awo aqiniswa yizibonakaliso nezimanga ezingenakuphosisa. Ayengabaprofethi bakaNkulunkulu, nePhimbo likaNkulunkulu esizukulwaneni sawo.

Ngabe izikhathi zehlukile yini manje kunoma zazinjalo ngenkathi uJesu wayelapha na? Kwakungabaholi bezenkolo abaMbethela. Abafundi babeyidlanzana elincinyane phakathi kwenqubo enkulukazi yezenkolo. Babebandlululwa, bebhuqwa, futhi ekugcineni babulawe ngokuma bamelane nenkambiso yenqubo yobuhlelo. Singahle singabulawa ngenkolelo yethu namuhla, kodwa sihlushwa ngempela. NjengabaFarisi nabaSadusi, bangeziphike izimangaliso ezalandela inkonzo kaMfowethu Branham ngakho basebenzisa okunye ukuhlasela. Ungahle uzwe ukuthi wayengumprofethi wamanga, umholi wenkoloze, noma okubi kakhulu. Entweni ekhona ngempela, wayeyindoda ethobile kaNkulunkulu eyama yagxila imelene nokulawula kokungazinikeli amahlelo nezinkoloze ezinakho phezu kwabantu bakaNkulunkulu. Bahlasela uJesu ngendlela efanayo ngenkathi Emelana nezimfundiso zabo ezingenakuphikiswa namasiko.

UNkulunkulu wakuhlonipha ukuvuma kukaMfowethu Branham ukukholwa lonke iZwi eBhayibhelini, futhi Usebenzisa inkonzo yakhe ukuholela izigidi

zemiphefumulo kuJesu Kristu. Namuhla, iPhimbo leNgelosi yesiKhombisa libetha icilongo ngokuzwakala kakhulu njengoba beLilokhu linjalo. Cishe abantu abayizigidi ezimbili umhlaba-jikelele bayawukholwa uMlayezo kaMfowethu Branham. Leli kungahle kube yidlanzana elincinyane lezigidigidikazi ezimbili ezizisho ubuKristu, kodwa kunini lapho abantu bakaNkulunkulu bengesilo idlanzana na?

Sinezingaphezu kwe 1,200 izintshumayelo eziqoshiwe eziqukethe iPhimbo elaprofethwa ukuba lifike eSambulweni 10:7. Ngayinye yalezizintshumayelo ivula isihluthulelo sezimfihlakalo ezinye eziningi zikaNkulunkulu. LeloPhimbo likhona kuwe uma uvuma ukuLizwa.

UKUKHETHA KUNGOKWAKHO

Akukho ngisho isikhashana esisodwa lapho engiletha khona umlayezo kubantu ukuze bangilande, noma bajoyine ibandla lami, kumbe ngiqale ukuhlanganyela okuthize nenhlangano. Angikaze ngikwenze lokho futhi angeke ngikwenze lokho manje. Anginantshisekelo ngalezozinto, kodwa nginayo intshisekelo ezintweni zikaNkuunkulu nabantu, futhi uma ngingafeza into eyodwa nje ngiyoneliseka. Leyonto eyodwa ingukubona kwakheke ubuhlobo beqiniso bokomoya phakathi kukaNkulunkulu namadoda, lapho khona amadoda eba yizidalwa ezintsha kuKristu, egcwaliswe ngoMoya waKhe futhi aphile ngokweZwi laKhe. Ngithanda ukumema, nginxuse futhi ngexwayise bonke ukuba bezwe iphimbo laKhe kulesisikhathi, futhi ninikele izimpilo zenu ngokupheleleyo kuYe, njengoba ngisho ngethemba enhliziyweni yami ukuthi nginikele konke okwami kuYe. UNkulunkulu anibusise, futhi sengathi ukuza kwaKhe kungathokozisa inhliziyo yenu.

Mfu. William Marrion Branham

IZINKOMBA

(UJESU KRISTU UNGUNKULUNKULU (UBUNKULUNKULU))

EKS 20:3	Ungabi nabanye onkulunkulu ngaphandle kwami.
ISAYA 9:6	Ngokuba sizalelwa umntwana, siphilwa indodana: nombuso uyakuba-sehlombe lakhe: negama lakhe liyakuthiwa Omangalisayo, uMluleki, UNkulunkulu onamandla, UYise ongunaphakade, iNkosi yokuThula.
MATH 1:23	Bheka, intombi iyakukhulelwa, futhi izale indodana, futhi bayakuyiqamba igama lokuthi uEmanuweli, okungukuthi ngokuhunyushwa u, Nkulunkulu unathi.
JOHANE 1:1	Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu.
JOHANE 1:14	ULizwi waba-yinyama, wakha phakathi kwethu, (futhi sabona inkazimulo yakhe, inkazimulo njengeyozelwe yedwa kuYise,) egcwele umusa neqiniso.
JOHANE 4:24	UNkulunkulu unguMoya: nabakhuleka kuye bafanele ukukhuleka kuye ngomoya nangeqiniso.
JOHANE 5:43	Ngize egameni likaBaba wami, futhi aningamukeli: uma kuza omunye ngelakhe igama, niyakumamukela yena.
JOHANE 8:19	Base bethi kuye, Uphi uYihlo na? UJesu waphendula ngokuthi, Anazi nami, noBaba wami: Uma beningazi mina, nga nimazi noBaba wami.
JOHANE 10:30	Mina noBaba wami simunye.
JOHANE 12:45	Nobona mina ubona ongithumileyo.
JOHANE 14:8-9	UFiliphu wathi kuye, Nkosi, sikhombise uYihlo, futhi kusanele. UJesu wathi kuye, Isikhathi esingaka nginani, awukangazi, Filiphu na? ongibonile mina ubonile uBaba; usho kanjani ukuthi, Sikhombise uYihlo na?
JOHANE 20:28	NoTomase waphendula wayesethi kuye, Nkosi yami noNkulunkulu wami.
IZENZO 2:36	Ngakho indlu yonke yakwaIsrayeli mayazi impela, ukuthi uNkulunkulu umenzile kokubili, iNkosi noKristu, uJesu lo enambethela esiphambanweni.
IZENZO 9:4-5	Futhi wawa phansi emhlabathini, futhi wezwa izwi lithi kuye, Sawulu, Sawulu, ungihluphelani na? Wayesethi, Ungubani, Nkosi na? NeNkosi yathi, NginguJesu omhluphayo: kulukhuni kuwe ukukhahlela ezinkandini.
EF 4:5	Yinye iNkosi, yinye inkolo, munye umbhaphathizo.
KOL 1:13-17	Owasikhulula emandleni obumnyama, nowasibeka embusweni weNdodana yakhe ethandekayo: okukuyo sinokuhlengwa ngegazi layo, ngisho nokuthethelelwa kwezono: Yona ingumfanekiso kaNkulunkulu ongenakubonwa, izibulo lezidalwa zonke: Ngokuba kwadalelwa kuyo konke, okusezulwini, nokusemhlabeni, okubonwayo nokungenakubonwa, nokuba kuyizihlalo zobukhosi, nokuba kuyimibuso, nokuba kuyizikhulu, nokuba kuyiziphathi-mandla: konke kwadalwa ngayo, kwadalelwa yona: Futhi yona ingaphambi kwakho konke, nezinto zonke zimi ngayo.

KOL 2:6-9	Ngakho-ke njengalokho nimamukele uKristu Jesu iNkosi, ngakho hambani nikuye: Nigxilile futhi nakhiwe kuye, futhi niqinisiwe ekukholweni, njengalokho nifundisiwe, nivame ukubonga. Xwayani funa kube-khona onithumbayo ngokuhlakanipha nangenkohliso eyize, njengokwemvelo yabantu, njengezifundiso zokucathula kwezwe, futhi kungenjengokukaKristu. Ngokuba kuhlala kuye ngokomzimba ukugcwala konke kobuNkulunkulu.
HEB 13:8	UJesu Kristu nguyena izolo, nanamuhla, naphakade.
I JOHANE 5:7	Ngokuba bathathu abafakazayo ezulwini, uBaba, yiZwi, noMoya oNgcwele: nalaba abathathu bamunye.
ISAMB 1:8	Mina nginguAlfa no-Omega, owokuqala nowokugcina, kusho iNkosi, okhona, nowayekhona, nozayo, uMnimandla onke.

UMBAPHATHIZO WAMANZI

MATH 28:19	Ngalokho hambani, futhi nifundise izizwe zonke, nibabhaphathize egameni likaYise, neleNdodana, nelikaMoya oNgcwele.
MARK 16:16	Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa; kepha ongakholwayo uyakulahlwa.
IZENZO 2:38	UPetru wayesethi kubo, Phendukani, yilowo nalowo abhaphathizwe egameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono, khona niyakwemukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele.
IZENZO 4:12	Ayikho insindiso ngomunye: ngokuba alikho futhi elinye igama phansi kwezulu elinikiwe ebantwini, esimelwe ukusindiswa ngalo.
IZENZO 8:12	Kepha bathi ukuba bakholwe nguFiliphu eshumayela izinto ngombuso kaNkulunkulu, nangegama likaJesu Kristu, babhaphathizwa, abesilisa nabesifazane.
IZENZO 19:3-5	Wayesethi kubo, Pho nabhaphathizelwa kukuphi na? Base bethi, Kukho ukubhaphathiza kukaJohane. UPawulu wayesethi, UJohane qiniso wabhaphathiza umbhaphathizo wokuphenduka, ethi kubantu, mabakholwe nguyena obezakuzo emva kwakhe, kungukuthi, kuKristu Jesu. Bathi ukuzwa lokhu, babhaphathizwa egameni liNkosi uJesu.
EF 4:5	Yinye iNkosi, yinye inkolo, munye umbhaphathizo,
KOL 3:17	Futhi konke enikwenzayo noma kungezwi noma kungomsebenzi, kwenzeni konke egameni leNkosi uJesu, nimbonge uNkulunkulu noYise ngaye.

IZINKOMBA

ABAPROFETHI

NUM 12:6	Wayesethi, Yizwani manje amazwi ami: Uma kukhona umprofethi phakathi kwenu, Mina iNKOSI ngiyakuzibonakalisa kuye ngombono, futhi ngiyakukhuluma kuye ngephupho.
DUT 18:21-22	Futhi uma uthi enhliziyweni yakho, Siyakulazi kanjani izwi leNKOSI ingalikhulumanga na? Uma umprofethi ekhuluma egameni leNKOSI, uma into ingalandeli, ingenzeki, leyo yinto iNKOSI engayikhulumanga, kepha umprofethi uzikhulumele yena: ungamesabi
I IZIKR 16:20-22	Futhi bazulazula izizwe ngezizwe, futhi besuka kulombuso beya kwabanye abantu; Akavumelanga-muntu ukubahlupha: yebo, wajezisa amakhosi ngenxa yabo, Eth, Ningathinti abagcotshiweyo bami, futhi ningoni abaprofethi bami.
IHUBO 105:12-15	Lapho babeyingcosana abantu ngomumo; yebo, babeyingcosana impela, futhi babeyizihambi kulo. Lapho bazulazula ezizweni ngezizwe, besuka kulombuso beya kwabanye abantu, Akavumelanga-muntu ukubahlupha: yebo, wajezisa amakhosi ngenxa yabo; Eth, Ningathinti abagcotshiweyo bami, futhi ningoni abaprofethi bami.
AMOSE 3:7	Ngokuba impela iNkosi uNKULUNKULU ayiyikwenza lutho, kepha yambula imfihlakalo yayo ezincekweni zayo abaprofethi.
MAL 4:5	Bhekani, ngiyakuthuma kini uElija umprofethi lungakafiki usuku lweNKOSI olikhulu nolwesabekayo:
LUKA 1:70	Njengalokho yakhuluma ngomlomo wabaprofethi bayo abangcwele, basendulo:
LUKA 24:25	Wayesethi kubo, O nina eningaqondiyo, nenilibele enhliziyweni ukukholwa yikho konke abakushilo abaprofethi:
IZENZO 7:52	Ngumuphi kubaprofethi oyihlo abangamhluphanga na? futhi bababulala ababememezela ngaphambili ukuza KoLungileyo; eseningabakhapheli manje nababulali:
IZENZO 24:14	Kepha ngiyavuma lokhu kuwe, ukuthi ngendlela abathi yedukile, ngiyamkhonza ngokunjalo uNkulunkulu wawobaba, ngikhulwa yikho konke okulotshiwe emthethweni nakubaprofethi:
EF 2:20	Futhi nakhiwe phezu kwesisekelo sabaphostoli nabaprofethi, uJesu Kristu uqobo lwakhe eyitshe legumbi;
HEB 1:1-2	UNkulunkulu, esekhulumile endulo kokhokho ngabaprofethi nangamathuba amaningi nangezindlela eziningi, Ngalemihla yokugcina ukhulume kithina ngeNdodana yakhe, ayimise ibe-yindlalifa yakho konke, owadala ngayo futhi amazwe:

IZIMANGALISO/ UKUPHILISA NGOKUKANKULUNKULU

DUT 26:8	Futhi iNKOSI yasikhipha eGibhithe ngesandla esinamandla, nangengalo eyaluliweyo, nangezenzo ezesabekayo ezinkulu, nangezibonakaliso, nangezimangaliso:
ABAHLULELI 6:13	UGideyoni wayesethi kuyo, O Nkosi yami, uma iNKOSI inathi, konke lokhu kusehlele ngani na? futhi ziphi izimangaliso zayo zonke abasitshela ngazo obaba, bathi, iNKOSI ayisikhuphulanga eGibhithe na? kepha manje iNKOSI isilahlile, futhi yasinikela esandleni sakwaMidiyani.
IHUBO 103:3	Yena othethelela zonke izono zakho; owelapha zonke izifo zakho;
ISAYA 53:5	Kodwa yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, yachotshozwa ngobubi bethu: isijeziso sokuthula kwethu sasiphezu kwayo; nangemivimbo yayo siphilisiwe thina.
DANYELI 11:32	Futhi iyakonakalisa ngokuthopha abaphatha kabi isivumelwano: kepha abantu abamazi uNkulunkulu wabo bayakuba-namandla, futhi baphikelele.
MARKU 16:17-18	Nalezizibonakaliso ziyakubalandela abakhohwayo; Ngegama lami bayakukhipha amademoni; bayakukhuluma ngezilimi ezintsha; Bayakuphatha izinyoka ezinobuqili; futhi uma bephuza okubulalayo, akusoze kwaba-nangozi kubo; bayakubeka izandla phezu kwabagulayo basinde.
JOHANE 14:12	Ngiqinisile, ngiqinisile, ngithi kini, Okholwa yimi, imisebenzi eNgiyenzayo mina naye uyakuyenza; nemisebenzi emikhulu kunale uyakuyenza; ngokuba mina Ngiya kuBaba wami.
IZENZO 19:12	Baze bathatha amaduku nezindwangu emzimbeni wakhe bazibeka phezu kwabagulayo, zase zisuka kubo izifo, nomoya ababi baphuma kubo.
I THES 1:5	Ukuthi ivangeli lethu alizanga kini ngezwi kuphela, kodwa nangamandla, nangoMoya oNgcwele, nangokwethemba okukhulu; njengokuba nazi ukuthi saba ngabantu abanjani phakathi kwenu ngenxa yenu.
JAKOBE 2:18	Yebo, omunye uyakuthi, Wena unokukholwa, futhi mina nginemisebenzi: ngibonise ukukholwa kwakho ngaphandle kwemisebenzi yakho, nami ngizakukukhombisa ukukholwa ngemisebenzi yami.
JAKOBE 2:20	Kepha wena-muntu, Ongelutho, uyathanda ukuqonda ukuthi ukukholwa ngaphandle kwemisebenzi kufile na?
JAKOBE 5:14-15	Kukhona ogulayo phakathi kwenu na? makabize amalunga ebandla; futhi amkhulekele, amgcobe ngamafutha egameni leNkosi: Umkhuleko wokukholwa uyomsindisa ogulayo, iNkosi imvuse; futhi uma enzile izono, uzakuthethelelwa zona.
JAKOBE 5:16	Vumani izono omunye nomunye, futhi nikhulekelane, ukuba niphulukiswe. Umkhuleko oqinisileyo wolungileyo unamandla kakhulu.
I PET 2:24	Yena owathwala izono zethu emzimbeni wakhe uqobo emthini, ukuze kuthi thina, sesifile ezonweni, siphile ekulungeni: oyena imivimbo yakhe naphulukiwa ngayo.

IZINKOMBA

UMOYA KAELIJA

II AMAKHOSI 2:15	Futhi esebonile amadodana abaprofethi aseJeriko ayemalungana naye, athi, Umoya kaElija uhlezi phezu kukaElisha. Futhi afika ukumhlangabeza, ayesekhothamela phansi phambi kwakhe.
ISAYA 40:3-4	Izwi lomemezayo ehlangene lithi, Lungisani indlela yeNKOSI, nihlelembe oqwathuleni umgwaqo omkhulu kaNkulunkulu wethu. Zonke izigodi ziyakuphakanyiswa, nazo zonke izintaba namagquma kuyakwehliswa: namagebhugebhu ayakuhlolenjwa, nemigoxigoxi iyakuba-yithafa:
MAL 3:1	Bhekani, Ngiyakuthuma isithunywa sami, futhi siyakulungisa indlela phambi kwami: neNkosi, eniyifunayo, iyakufika ngokuzumayo ethempelini layo, ngisho nesithunywa sesivumelwano, enithokoza ngaso: bheka, siyeza, isho iNKOSI yamabandla.
MAL 4:5-6	Bhekani, Ngiyakuthuma kini uElija umprofethi lungakafiki usuku lweNKOSI olukhulu nolwesabekayo: Futhi iyakuphendulela inhliziyo yawoyise kubantwana, nenhliziyo yabantwana koyise, funa ngifike futhi ngishaye izwe ngesiqalekiso.
MATH 11:10 (Marku 1:2, Luka 7:27)	Lo unguye, okulotshwe ngaye ukuthi, Bheka, ngiyathuma isithunywa sami phambi kobuso bakho, esiyakulungisa indlela yakho phambi kwakho.
MATH 11:14	Futhi uma nivuma ukukwamukela, lo unguEliyase, obezakufika.
MATH 17:11-12	NoJesu waphendula wathi kubo, Nempela uEliyase uyeza kuqala, futhi uyakubuyisela konke. Kepha ngithi kini, UEliyase sewafika vele, abamazanga nokho, kodwa benza kuye abakuthandayo. Kanjalo neNdodana yomuntu iyakuhlushwa yibo.
LUKA 1:17	Futhi uyakuhamba ngaphambi kwayo emoyeni nasemandleni kaEliyase, ukuphendulela izinhliziyo zawoyise kubantwana, nabangalaleliyo ekuhlakanipheni kwabalungileyo; ukulungisela iNkosi isizwe esilungiselweyo.
LUKA 3:4 (Math 3:3, Marku 1:3, Johane 1:23)	Njengalokhu kulotshiwe encwadini yamazwi kaEsayase umprofethi, ukuthi, Izwi lomemezayo ehlangene, Lungisani indlela yeNkosi, nenze imikhondo yayo iqonde.

Ngolunye ulwazi olwengeziwe ngenkonzo kaMfundisi William Branham nokuthi ungazithola kanjani izintshumayelo zakhe, siza uxhumane ne:

www.umlayezo.org

noma

Voice Of God Recordings Inc. South Africa Office
58 Disa Road, Admiral's Park, Gordon's Bay 7140 Western Cape
Republic Of South Africa
+27 (218) 563-110
www.branham.org

www.umlayezo.org

ZULU
